health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

TURTON CHC

# USUKU LWAMA GUGU / HERITAGE DAY

Ngomhlaka 20 September 2013 ITurton Community Health Centre igubhe usuku lwama gugu (heritage day) lolu suku lwaba yimpumelelo ngendlela eyisimanga ngenxa yokuzinikela kwabasebenzi besikhungo, lokhu kuzinikela kwabo kuveza ngokusobala ukuthi abasebenzi base Turton CHC bayawahlonipha amasiko nemvelaphi yabo, izinhlelo ebezi khona ngalolu suku kwaba ukucula kwe choir yesikhungo, amahubo, ne ndlamu. ITurton CHC ithanda ukubonga ama CHC board members uMiss Nxumalo noMrs Khomo ngokujabulela lolusuku kanye nathi, sibonge uMr Chonco owuthisha eLuthuli High School obe yimbongi yosuku ngomsebenzi wakhe oncomekayo, siphinde sibonge bonke abasebenzi base Turton CHC ababambe iqhaza ngokusebenza kanzima ukuze lolu suku libe yimpumelelo, nazo zonke izikhulumi zosuku sibonge nomphathi wohlelo uMr B.E Mkhize owenza lomsebenzi ngobukhulu ubunono nobuchule.



UMrs Dlamini nethimba lakhe besilungisela ukudla kwesintu okwakuconsisa amathe ngendlela eyisimanga

Siyaziqhenya ngosiko lethu



Kwaba kuhle impela ingoma yayishayelwa ngaphakathi ngoba ukube sasi sendaweni enotshani nenhlabathi kwakuzo hlephuka izidindi kushunqe uthuli ngendlela usisi uNomkhosi Nciki ayeyishaya ngayo ingoma

# IXOXWA NGEZITHOMBE



Angikaze ngibubone ubuhle obunje!!abasebenzi base Turton CHC bethatha isithombe ndawonye bekhombisa ubumbano nomoya wokuzwana, bebahle beconsa ngemvunulo yabo.

Siyaziqhenya ngolimi lwethu



Kwathuleka kwathi cwaka ngenkathi uMr K Ngcobo echazela abasebenzi base Turton CHC ngemvelaphi yosuku lwamagugu, abakholwanga abanye sebezwa ukuthi yilo kanye lolusuku olwalubizwa nge Shaka's day

Siyaziqhenya ngemvunulo yethu



Kusukela kwesokunxele: uMr Chonco imbongi yosuku, Dr N Buso (Medical Manager), Miss Baai (Finance Manager) Miss Nxumalo (CHC Board Member) Mrs Khomo (CHC Board Member) Mrs Gwexe (Nursing Manager)